



## Pick up a picture book

**November is International Picture Book Month. Picture books are books in which the illustrations are just as important to telling the story as the words. They are mostly shorter books that can be read in one sitting. Although lots of people think that picture books are meant only for young children, actually they can be enjoyed by all of us – young or old!**

Verushka Louw sells children's books at a bookshop in Cape Town called The Book Lounge. Here's what she has to say about picture books.

"I have been selling picture books to children for fifteen years and there is still magic in it every day! I believe there is such a thing as reading the right book at the right moment; finding stories to shape your story. We are so spoilt at the moment with picture books: illustrators are giving us their best.

I often say that picture books are your child's first introduction to art. So pick wisely when you are buying or taking books out in the library, look for books with more challenging illustrations, with detailed pictures, so that your child can also spend time reading the book through the pictures.

Picture books are important because childhood is important. Picture books help inspire today's young people into becoming tomorrow's thought leaders.  
*Debbie Ridpath Ohi, picture book illustrator and author*

Izincwadi ezinezithombe zibalulekile ngoba isikhathi sokuba yingane sibalulekile. Izincwadi ezinezithombe zisiza ukunika intshisekelo abantu abasha banamhlanje ukuthi babe ngabaholi abanemicabango ejulile esikhathini esizayo.  
*Debbie Ridpath Ohi, umdwebi wemifanekiso yezincwadini kanye nombhali*

## Thatha incwadi enezithombe

**ULwezi yiNyanga Yomhlaba Wonke Yencwadi Enezithombe. Izincwadi ezinezithombe yizincwadi lapho imidwebo ibaluleke njengamagama ekuxoxweni kwendaba. Zivamise ukuba yizincwadi ezimfushane ezingafundwa ziqedwe ekuhlaleleni ukuzifunda okukodwa. Noma abantu abanengi becabanga ukuthi izincwadi ezinezithombe zifanele izingane ezincane, empeleni zingathokozelwa yithi sonke – abancane noma abadala!**

UVerushka Louw ungumthengisi wezincwadi zezingane osebenza esitolo esithengisa izincwadi eKapa esibizwa ngokuthi iThe Book Lounge. Nakhu akushilo ngezincwadi ezinezithombe.

"Sengidayisele izingane izincwadi zezithombe iminyaka eyishumi nanhlanu futhi kusekhona umlingo kulokho nsuku zonke! Ngikholelwa ekutheni kukhona into ebizwa ngokuthi ukufunda incwadi efanele ngesikhathi esifanele, ukuthola izincwadi ezizolungisa isimo sendaba yakho. Sinezincwadi ezinezithombe ezinhle kakhulu njengamanje; abadwebi bemifanekiso basinikeza okuhle ngendlela abangakwazi ukwenza ngayo.

Ngihlale ngithi izincwadi ezinezithombe ziyindlela yokuqala yokwethula ingane yakho ebucikweni. Ngakho khetha ngokucophelela uma uthenga noma uthatha izincwadi emtatsheni wezincwadi, bheka izincwadi ezinezithombe ezinenselelo, ezinezithombe ezijulile, ukuze ingane yakho nayo ichithe isikhathi ifunda incwadi ngezithombe.

Siphila esikhathini lapho zinto zibonwa khona, kanti-ke izincwadi kumele zibangisane nezinto ezifana nomabonakude kanye namakhompyutha ukuze zinakwe yizingane zethu. Kodwa uma sizikhuthaza ngokwanele, singazisiza izingane zethu ukuthi zikhule zithanda izincwadi. Kusukela ngesikhathi zincane kakhulu, kumele sibeke isikhathi sokufundela izingane zethu. Ukufunda ndawonye kuyisikhathi esiyigugu, esiwumnotho otshalwe kahle.

Njengomuntu othengisa izincwadi, ngesinye isikhathi ngixoxisana kafushane nje nengane ukuba ngithole ukuthi ingubani nokuthi yini eyidingayo encwadini yayo elandelayo. Kucishe kufane nokuba ngudokotela! Ngithola lokho okuzonginika umkhondo kulokho okushiwo yizingane bese ngibona ukuthi yiziphi izincwadi ezihambisana nezidingo zazo kanye nalokho ezikuthandayo.

Kukhona izimpendulo eziningi ezimpilweni zethu ezingahambi kahle emakhasini ezincwadi. Akukho ukushesha kakhulu ekwethuleni izingane ezincwadini ezinezithombe ezigcwele amandla kanye nomlingo kakhulu futhi ezinezethembiso zezinto eziningi ezinkulu.



Drive your  
imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.



# Celebrating picture books!

This International Picture Book Month we asked some of the team at Nal'ibali, as well as our Story Bosso celebrity judges and ambassadors about their favourite picture books. Here's what they said.

## Ukugubha izincwadi ezinezithombe!

Ngale Nyanga Yomhlaba Yencwadi Enezithombe sibuze abanye bethimba lakwaNal'ibali kanye namajaji namanxusa angosaziwayo eStory Bosso mayelana nezincwadi ezinezithombe abazithandayo. Nakhu abakushilo.



It is the joyous power of picture books that turns young listeners into readers and readers into writers.  
Charles Ghigna, author and poet

Amandla athokozisayo ezincwadi ezinezithombe enza ukuthi abalalele abasebancane babe abafundi, bese abafundi beba ababhali.  
UCharles Ghigna, umbhali kanye nembongi



My favourite picture book is *Guess how much I love you* by Sam McBratney and Anita Jeram. I used to read it with my children all the time. The book uses larger and larger actions to measure how much the characters love each other. Even though my children are adults now, we still play this game because it has such a special meaning to us!  
Ntombizanele Mahobe, Nal'ibali Training Coordinator



Incwadi yami engiyithandayo ngethi *Guess how much I love you* kaSam McBratney no-Anita Jeram. Ngangiyifunda nezingane zami ngaso sonke isikhathi. Incwadi isebenzisa iminyakazo eya ngokuba mikulu ukuze kukalwe ukuthi abalingiswa bathandana kangakanani. Noma izingane zami sezindala manje, sisawudlala lo mdlalo ngoba usho okukhethekile kithi!

UNtombizanele Mahobe, uMxhumanisi wokuqeqesha kwaNal'ibali



My favourite picture book has to be Dr Seuss's *Oh, the places you'll go!* It has a universal message that appeals to children and adults.  
Alan Glass, author and co-creator of the "Beautiful Creatures" series

Incwadi enezithombe engiyithandayo yincwadi kaDr Seuss ethi *Oh, the places you'll go!* Incwadi enomyalezo othinta umhlaba wonke ethandwa yizingane kanye nabantu abadala.  
U-Alan Glass, umbhali kanye nowenze ngokubambisana uchungechunge olubizwa nge-"Beautiful Creatures"



I share picture books with the children at my reading club every week. My favourite one is *The little red hen*. There are so many variations of this story out there, but originally it was an old Russian folktale. Children react so well to the pictures of talking animals. The story is all about the importance of hard work. The children slip into the world of this story without even realising it!  
Thanduxolo Mkoyi, Nal'ibali Literacy Mentor

Ngabelana ngezincwadi ezinezithombe nezingane zami ethimbeni lami lokufunda njalo ngesonto. Indaba yami engiyithandayo ngethi *USikhukhukazana obomvu*. Kukhona izinhlobo eziningi zale ndaba lapha ngaphandle, kodwa yayiqale iyinganekwane yaseRussia. Izingane ziyazithanda izithombe zezilwane ezikhulumayo. Indaba imayelana nokubaluleka kokusebenza ngokuzikhandla. Izingane zingena emhlabeni wale ndaba zingezwa nakuzwa!  
UThanduxolo Mkoyi, uMhali oyisibonelo kwezokufunda nokubhala kwaNal'ibali



I like reading to my children at bedtime and our favourite picture book is *Charlie Cook's favourite book* by Julia Donaldson and Axel Scheffler. We love it because it's about lots of books all inside one book!  
Nik Rabinowitz, comedian




Ngithanda ukufundela izingane zami ngesikhathi sokulala kanti indaba enezithombe esiyithandayo ithi *Charlie Cook's favourite book* kaJulia Donaldson no-Axel Scheffler. Siyayithanda ngoba iyizincwadi eziningi ngaphakathi kwencwadi eyodwa!  
UNik Rabinowitz, usomahlaya



My children's favourite picture books are *Oh, the places you'll go!* and *The cat in the hat* by Dr Seuss. These books really trigger their imaginations; they get so absorbed in the stories. I also thoroughly enjoy reading them aloud to my children.  
Bonnie Henna, actress, author and presenter

Izincwadi zezithombe ezithandwa yizingane zami zithi *Oh, the places you'll go!* Kanye nethi *The cat in the hat* ka-Dkt Seuss. Lezi zincwadi zikhuthaza ukucabanga kwazingane; zikwazi ukugxila kakhulu ezindabeni. Futhi ngiyakuthokozela kakhulu ukuzifundela kakhulu izingane zami.  
UBonnie Henna, umlingisi, umbhali kanye nomethuli wezinhlalo



Drive your imagination



Refilwe by Zukiswa Wanner and Tamsin Hinrichsen has to be my favourite picture book. It's a beautiful fairytale that is all about adventure, escape and love. Children love the story – they're captivated by how the princess goes from being sad and isolated to escaping and falling in love. It's also a culturally-relevant retelling of the fairytale, Rapunzel, with nuances that children can relate to – such as the clothing, hair and different cultural practices.

Malusi Ntuyapi, Nal'ibali Programmes Support Officer and Trainer



URefilwe kaZukiswa Wanner noTamsin Hinrichsen yiyona ndaba enezithombe engiyithanda kakhulu. Yinganekwane emnandi enezigigaba ezivusa isasasa, ukuphunyuka kanye nothando. Izingane ziyayithanda indaba – zichazwa yindlela inkosazana eqala ngayo idabukile futhi iyodwana bese ize iba sothandweni. Kuyahambisana nathi nokwendabuko kwethu ukuxoxwa kabusha kwenganekwane ethi: Rapunzel, ngoba inezinto nazo izingane ezizaziyo – ezifana nezingubo, izinwele kanye namasiko ahlukene.

UMalusi Ntuyapi, isikhulu esingumsekelo wezinhlalo noMqeqeshi kwaNal'ibali




The very hungry caterpillar by Eric Carle was my son's favourite story for a very long time. The whole family read it to him at some point: my mother, my sisters, his father and my grandmother. We read it so much, I even memorised it! I love it because it speaks about transformation. The tiny caterpillar that eats too much eventually becomes a beautiful butterfly.

Lebo Mashile, writer, actress and performer

I-The very hungry caterpillar ka-Eric Carle yindaba eyayithandwa indodana yami isikhathi eside. Yake yayifundelwa umndeni wonke ngesinye isikhathi: umama wami, udadewethu, ubaba wayo kanye nogogo wami. Sayifunda kaningi kangangokuthi, ngaze ngayazi ngekhandu! Ngiyayithanda ngoba ikhuluma ngenguquko. Isicabucabu ezincane esidla kakhulu ekugcineni siba uvmvane oluhle.

ULebo Mashile, umbhali, umlingisi kanye nomdlali weshashalazi



My favourite picture book is Three friends and a taxi by Maryanne and Shayle Bester. I love it because the pictures are so animated, which helps my daughters engage with the story more easily. It's also a versatile tale because both younger and older children seem to enjoy it!

Thabisa Thabi, Nal'ibali Literacy Mentor

Incwadi enezithombe engiyithandayo ithi Abangani abathathu netekisi kaMaryanne noShayle Bester. Ngiyithanda ngoba izithombe zayo zidwetshwe zaphila, okwenza indokazi yami igxile endabeni kalula. Futhi yindaba elungele bonke ngoba kubukeka sengathi ithokozelwa yizingane ezindala kanye nezincane!

UThabisa Thabi, uMholi oyisibonelo kwezokufunda nokubhala kwaNal'ibali



As young children, we used to listen to stories while waiting for supper and around the fire, but later we got to enjoy stories at bedtime. My favourite picture book is The very hungry caterpillar by Eric Carle. I love the simple storyline. It's an easy read with lots of repetition, almost musical – and I love the subject of nature, environment and life!

Sindiwe Magona, author



Sisebancane, sasilalela izindaba ngesikhathi silinde isidlo sakusihlwa sotha umlilo, kodwa kamva sagcina sesithokozela izindaba ngesikhathi sokulala. Indaba engiyithanda kakhulu ngethi The very hungry caterpillar ka-Eric Carle. Ngithanda indaba elulana nje. Kulula ukuyifunda futhi inokuningi okuphindwayo, icishe izwakale njengeculo – kanti ngiyayithanda indikimba yemvelo, indawo kanye nempilo!

USindiwe Magona, umbhali




I read to my six-month-old baby every evening before bedtime. My favourite picture books are the Little hands books sets of board books. They are ideal for tiny children because they're sturdy and colourful and so easy to read. Children also love the process of turning the pages.

Thulisa Mayekiso, Nal'ibali Literacy Mentor

Ngifundela umntwana wami onezinyanga eziyisithupha njalo ebusuku ngaphambi kokuba alale. Incwadi yezithombe engiyithandayo ethi Izincwadi zezandla ezincinyane nokuyisethi yezincwadi eziyizingqembe. Zilungele izingane ezincane ngoba ziqinile futhi zinemibala, kanti kulula nokuzifunda. Izingane ziyakuthanda futhi nokude ziphenya amakhasi.

UThulisa Mayekiso, uMholi oyisibonelo kwezokufunda nokubhala kwaNal'ibali



My daughter and I love the picture book, Happy to be nappy by Bell Hooks and Chris Raschka. It's about celebrating childhood and girls, and having the freedom to express your individuality. It's also about the crucial importance of diversity.

Smangele Mathebula, Nal'ibali Campaign Driver

Mina nendodakazi yami sithanda incwadi yezithombe ethi, Happy to be nappy kaBell Hooks noChris Raschka. Imayelana nokugubha isikhathi sobungane kanye namantombazane, kanye nenkululeko yokukhombisa ubuwena. Imayelana nokubaluleka kokwahlukana.

USmangele Mathebula, uMshayeli womkhankaso wakwaNal'ibali



## NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show: Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m. SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali: Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni. Ku-SAfM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



## Get story active!

Here are some ideas for using the two picture books and the longer Story Corner story in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

### Wow! It's great being a duck

Children of all ages will enjoy this story. A young duck, called Lillee, prefers walking rather than learning to fly and swim like her brothers and sisters. But, eventually she learns what she needs to in order to outwit a crafty fox who wants to eat her!

- ★ As you read the story, spend some time talking about the pictures with your children. You may want to draw their attention to the pictures of the fox on pages 9, 10, 12, 14 and 15. They show what the fox would have looked like to Lillee, who still had part of an eggshell on her head.
- ★ Try a fun drawing activity when you have finished reading the story. Suggest that your children partially cover their eyes with one of their hands and then draw what they see with the other hand!
- ★ After reading the story, discuss some of these questions with your children.
  - ☉ How do you think the story might have been different if Lillee had learnt to swim and dive with her brothers and sisters?
  - ☉ Do you think Lillee was wise to trust the fox in the first part of the story?
  - ☉ Was Lillee's mother correct about the fox? How do you think she knew about the fox?
  - ☉ Do you know other stories where there is a character who tries to trick someone? What happens in those stories?
- ★ The author and illustrator of this story, Joan Rankin, was a character in our special Literacy Day story called, *We have to go!* You will find this story in supplement 98 or you can read it again on our website or mobisite: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

### Nomsa

This is a story about a little girl, called Nomsa, who loves to dance. It is written for very young children, but you can also use the story with older children by letting them read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement. They can also read it to younger children that they know.

- ★ As you read the story together, do some of these things.
  - ☉ **Page 2:** Say: "Look at Nomsa. What is she doing?"
  - ☉ **Page 5:** Ask: "Can you see the cloud? Where do we find clouds?"
  - ☉ **Page 6:** Point to the top and say: "Look at the top going round and round." Point to Nomsa and say: "Look at Nomsa going round and round. Can you spin round and round like a top? Let's try."
- ★ Play some music and encourage your children to dance freely to it.

### Gus, the gorilla

This is the story of a gorilla from the Johannesburg Zoo who became a hero. Enjoy reading the story aloud or retelling it, then suggest that your children do some of these things.

- ★ Decide whether the thief got what he deserved and whether he should have been made to pay for Gogo's bananas.
- ★ Read the information about the gorillas and real-life events on which the story was based on page 13 of this supplement. Find out more about different kinds of gorillas.
- ★ Write the article that they think might have appeared in the newspaper. (They could draw a picture to go with their article too.)
- ★ Act out the story.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izincwadi zezithombe ezimbili kanye nendaba ende yeKhona Lezindaba kulesi sithasiselo. Khetha lezo ezihambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Ngingci! Kumnandi ukuba yidada

Izingane zayo yonke iminyaka zizoyithokozela le ndaba. Idada elincane, elibizwa ngolillee, lincamela ukuhamba kunokufunda ukundiza kanye nokubhukuda njengabafowabo nodadewabo. Kodwa, ekugcineni lifunda lokho okudingeka ukuthi likufunde ukuze lahlule ngobuhlakani impungushe enamacebo efuna ukulidla!

- ★ Ngesikhathi ufunda indaba, chitha isikhathi esithile uxoxa ngezithombe nezingane zakho. Kungenzeka ufune ukuzibonisa okuthile ezithombeni zempungushe emakhasini 9, 10, 12, 14 no-15. Zikhombisa ukuthi impungushe ibizobukeka kanjani uma iqhathaniswa noLillee, obesenengxenywe yegobolondo leqanda ekhanda lakhe.
- ★ Zama umsebenzi wokudweba othokozisayo uma seniqedile ukufunda indaba. Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zivale amehlo azo kancane ngesandla esinye esisodwa, bese zidweba lokho ezikubonayo ngesinye isandla!
- ★ Ngemva kokufunda indaba, xoxani ngeminye yale mibuzo nezingane zakho.
  - ☉ Ngabe ucabanga ukuthi indaba ibizokwehluka ukuba uLillee ubefunde ukubhukuda bese eziphonsa emanzini nabafowabo nodadewabo?
  - ☉ Ngabe ucabanga ukuthi bekuwubuhlakani ukuthi uLillee athembe impungushe engxenyeni yokuqala yendaba?
  - ☉ Ngabe umama kaLillee ubeqinisele ngalokho akusho ngempungushe? Ngabe ucabanga ukuthi waze kanjani ngempungushe?
  - ☉ Ngabe uyazazi ezinye izindaba lapho kukhona omunye umlingiswa ozama ukuphamba omunye umuntu? Kwenzekani kulezo zindaba?
- ★ Umbhali kanye nomdwebi wemifanekiso yale ndaba, uJoan Rankin, wayengumlingiswa endabeni yethu ekhethekile yoSuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala ebizwa ngokuthi, Kumele sihambe! Uzothola le ndaba esithasiselweni sama-98 noma ungayifunda futhi kusizindalwazi sethu noma kumobisite ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) kanye no-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

### UNomsa

Le ndaba imayelana nentombazanyana egama layo linguNomsa, ethanda ukudansa. Ibalelwe izingane ezincane kakhulu, kodwa ungayisebenzisa futhi indaba nasezinganeni ezindadlana ngokuzivumela ukuthi zifunde ngolimi lwazo lwasekhaya kuqala bese zifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo. Nazo zingafundela futhi nezingane ezincane ezizaziyo.

Lapho nifunda indaba ndawonye, yenzani ezinye zalezi zinto.

- ☉ **Ikhasi lesi-2:** Yithi: "Buka uNomsa. Wenzani?"
- ☉ **Ikhasi lesi-5:** Buza ukuthi: "Ngabe uyalibona ifu? Siwathola kuphi amafu?"
- ☉ **Ikhasi le-6:** Khomba phezulu bese uthi: "Mbheke phezulu ezungeza ephinda ezungeza futhi." Khomba uNomsa bese uthi: "Buka uNomsa ezungeza ephinde ezungeza futhi. Ngabe uyakwazi ukuzungeza uphinde uzungeze futhi njengempimpilzane (ithophu)? Ake sizame."

Dlala umculo bese ukhuthaza izingane zakho ukuthi ziwudansele ngokukhululeka.

### UGus, imfene enkulu

Le indaba emayelana nemfene yaseJohannesburg Zoo eyaba yiqhawe. Thokozela ukufunda indaba kakhulu noma ukuyixoxa kabusha. Ngemva kokufunda indaba, yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zenze ezinye zalezi zinto.

- ★ Azinqume ukuthi ngabe isela likutholile yini lokho okulifanele nokuthi ngabe kumele yini likhokhiswe obhanana bakaGogo.
- ★ Azifunde imininingwane mayelana nezimfene kanye nezinto ezenzeka empilweni yansuku zonke ezisuselwa ekhasini le-13 lalesi sithasiselo. Azithole kabanzi mayelana nezinhlobo ezahlukene zezimfene.
- ★ Azibhale umbhalo ezicabanga ukuthi waphuma ephephandabeni. (Zingadweba isithombe esingahambisana nombhalo futhi.)
- ★ Azilingise indaba.



### Create two cut-out-and-keep books

#### Nomsa

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Wow! It's great being a duck

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi ezimbili ozozisika uzikhiphe

#### UNomsa


1. Khipha ikhasi le-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani. ukwenza incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

#### Ngingci! Kumnandi ukuba yidada

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina amakhasi e-7 naye-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukwenza incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your imagination



The snails were so tasty, so absolutely scrumptious, Liliee stayed until she had eaten every one.

“Do bring your brothers and sisters next time,” called Mr Furry-legs-Long-tail-Sharp-snout.

“Okay!” said Liliee. “But they can’t walk as quickly as I can.” And off she waddled.

Iminenke yayimnandi kakhulu, yayehla esiphundu ngale ndlela yokuthi ulillee wahlala waze wayidla yonke.

“Uze nabafowenu nodadewenu ngokuzayo,” kumemeza uMnu. Mlizenzoboya Msilomude Khalicijile.

“Kulungile!” kusho ulillee. “Kodwa abakwazi ukuhamba ngokushesha ngendlela engikwazi ngayo.” Wase ehamba ebhadazela.



Ngesonto elilandelayo ulillee wabuyela esiqinini sobukhwebezana. Kulapho ahlangana khona noMnu. Mlizenzoboya Msilomude Khalicijile. Ngasihathi esabhaka ukuthi ngabe bukhona yini ubukhwebezana obusele, baxoxa. “Ngabe unomndenani omkhulu?” kubuza umngani wakhe. “Kunjalo, impela,” kusho ulillee, “Nginabafowethu kanye nodadewethu abadala abaningi.”

“Ngempela? Ngakho kumele ngikukhombise ukuthi ungayithola kuphi iminenke. Ngikholelwa ekutheni mihle kakhulu ekwenzeni amadada abe MAKHULU ... abe namandla ... futhi akhuluphale.”



The following week Liliee returned to the berry patch. And there she met Mr Furry-legs-Long-tail-Sharp-snout. While she looked for any remaining berries, they talked. “Do you have a large family?” asked her companion. “Oh, yes,” said Liliee, “I have lots of big brothers and sisters.”

“Really? Then I must show you where to find snails. I believe they are very good for making ducks BIG ... strong ... and fat.”


Wow! *It's great being a duck* is from the SONGOLOLO list – a range of books celebrating both the common and diverse interests and experiences in childhood, featuring stories from Africa and beyond.

Shuter & Shooter Publishers acquired the award-winning children's picture book imprint, SONGOLOLO in 2008. SONGOLOLO is a quality list, featuring books by some of South Africa's foremost authors and illustrators, including Niki Daly, Gcina Mhlophe, Joan Rankin and Jude Daly. The list features several bestsellers, including Niki Daly's *Mama, Papa and Baby Joe*, and Joan Rankin's *Wow! It's great being a duck* and other numerous award-winning titles.

For further information, visit [www.shuters.com](http://www.shuters.com)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination

# Wow! It's great being a duck

## Ngcingci! Kumnandi ukuba yidada



Joan Rankin




“I love walking, too,” said Mr Furry-legs-Long-tail. “Let’s stroll together into the forest and I’ll show you some tasty things for a growing duck like you to eat.” Lillee ate many wild berries. She ate until her beak turned purple. She ate until her feathers turned purple. “How do you feel?” asked her new friend. “Fat!” replied Lillee. “Good,” said Mr Furry-legs-Long-tail. “I like fat ducks.”

“Nami ngiyakuthanda njalo ukuhamba,” kusho uMnu. Mlilenzenoboya Msilomude. “Ake sithi ukuhamba ndawonye siyongena ehlathini lapho ngizokubonisa khona izinto ezimnandi okumele zidlwe yidada elikhulayo njengawe”


U Lillee wadla ubukhwebezana obuningi. Wadla umlomo wakhe waze waba nsomi. Wadla izimpaphe zakhe zaze zaba nsomi.

“Uzizwa kanjani?” kubuza umngani wakhe omusha. “Ngizizwa ngikhuluphele!” kuphendula u Lillee. “Kuhle-ke,” kusho uMnu. Mlilenzenoboya Msilomude. “Ngiyawathanda amadada akhuluphele.”



Lillee was the last born, the last to hatch, and the smallest and skinniest. All the other ducklings had already left the nest when, at last, Lillee’s egg began to crack. Lillee peeped out ...

ULillee wayengumagcino, wayechamselwe ekugcineni, futhi nguye owayemncane futhi ezace kunawo wonke amachwane. Wonke amachwane edada ayesephumile esidlekeni ngesikhathi, ekugcineni, lapho iqanda likaLillee liqala ukuklayeka. ULillee walunguza ...



The next week Mr Furry-legs-Long-tail-Sharp-snout-Pink-tongue came walking along the forest path. There he found Lillee sitting alone on the path, sobbing. “Why are you crying all by yourself?” he asked. “My family has flown away to a bigger pond,” she wailed. “Oh dear, I was hoping to have a party with all of you. But why don’t you come along with me?” Lillee stopped crying. “You are kind,” she sniffed as she got up to follow her new friend into the dark, green forest. “Hurry! Hurry! You really must walk a little faster,” said Mr Furry-legs-Long-tail-Sharp-snout-Pink-tongue, licking his lips. “Come on! Come on!” “How rude! Just who does he think he is?” quacked Lillee, looking up.

Ngesonto elilandelayo uMnu. Mlilenzenoboya Msilomude Khalelciyile Limoluphinki waqhambuka ehamba ngendlela yaschlaithini. Kulapho athola khona u Lillee ehleli yedwa endleleni, ekhala.

“Kungani ukhala uwedwa?” kubuza yena. “Umdeni wami undize waya exhaphozini elikhulu kunaleli,” ekhitha isililo.

“Awu, bandlela, bengithi ngizoba nedli nani nonke. Kodwa-ke kungani ungahambi nani?”

U Lillee wayeka ukukhala. “Awuve unomusa,” chogela ngesikhathi esikuma elandela umngani wakhe omusha beyongena ehlathini elimnyama, eliluhlaza.

“Phuthumal! Phuthumal! Kumele uthi ukuphakamisa izinyawo,” kusho uMnu. Mlilenzenoboya Msilomude Khalelciyile Limoluphinki, ekhotha izindebe zakhe. “Awusheshel! Awusheshel bo!”

“Ubuluhlaza obunjel! Kazi ucabanga ukuthi ungubani?” kukhala u Lillee, cphakamisa amehlo.



She observed his sharp snout  
slipped across a row of needle-  
sharp teeth. Lillee squeaked and  
Lillee squawked when she saw ...  
Wabona ikhala lakhe elicijile.  
Kwaphela nasozwaneni uma ebuka  
ulimi lwakhe oluphinki luya ngapha  
nangaphe phezu kwamazinyo akhe  
acile njengezinatiti. U Lillee wakhala,  
u Lillee waphinde wakhala futhi  
lapho ebona ...



She studied his long tail.  
Wabukisisa umsla  
wakhe omude.



She glared at his furry legs.  
Wagqolozela imilenze  
yakhe enoboya.

Down she glided, and landed just like an expert.  
“Look, look!” quacked her brothers and sisters. “Hey,  
Lillee! We thought you could only walk!”  
“So did I,” said Lillee. “But now I can do everything!”

Wandiza ehlela phansi, wase ethi cababa njengompetha.  
“Bhekani, bhekani!” kukhala abafowabo nodadewabo.  
“Hawu, Lillee! Besicabanga ukuthi ukwazi ukuhamba kuphela!”  
“Nami futhi bengicabanga kanjalo”, kusho u Lillee. “Kodwa  
manje sengikwazi ukwenza yonke into!”



A week later she met Mr Furry-legs-Long-tail. “My, you do  
walk well ... for a duck,”  
he said.  
“Thank you,” said  
Lillee. “I shall never take  
my feet off the ground.  
It’s far too dangerous.”  
Ngesonto  
elilandelayo wahlangana  
noMnu. Mlilenzenoboya  
Msilomude. “Yishi dade, waze wahamba kahle ... kunamanye  
amadada,” kusho yena.  
“Ngiyabonga,” kusho u Lillee. “Ngeke ngilokotho ngisuse  
izinyawo zami phansi. Kuyingozi kakhulu.”



“You are very small and skinny,” remarked Mr Furry-legs.  
“I will show you where you can eat tender nasturtium leaves.  
You need fattening up!”  
Lillee ate so many  
nasturtium leaves,  
she could hardly  
waddle home.  
“Umncane  
kakhulu futhi  
uzacile,”  
kuphawula uMnu.  
Mlilenzenoboya.  
“Ngizokukhombisa ukuthi uzowathola kuphi amacembe  
athambile enastethiyamu. Udinga ukukhuluphahiswa!”  
U Lillee wadla amacembe enastethiyamu amaningi kakhulu,  
kwakunzima nokuthi abhadazele abuyele ekhaya.

First she saw her mother’s eyes, then she  
saw her mother’s feathers and her mother’s feet.  
**CRASH!** Lillee fell out of her egg into the  
**BIG WORLD.**

Waqala wabona amehlo kanina, wase  
ebona izimpaphe zikanina kwase kulandela  
izinyawo zikanina.  
**PHAHLA!** Kuwa u Lillee ephuma eqandeni  
lakhe ewela **EMHLABENI OMKHULU**






Wahamba ehla ngendlela egwinqizayo waze wafika kuMnu. Milenzenoboya. “Ngabe lenzani idada elincane elihle kangaka ehlahini elinyama, elihuhla?” kubuza uMnu. Milenzenoboya. “Ngayahamba,” kuphendula uLillee ngokuziqhenya.


Along the long and winding path she went until she met Mr Furry-legs. “What’s a nice little duck like you doing in the dark, green forest?” asked Mr Furry-legs. “I’m walking,” replied Lillee proudly.



Lillee’s mother was very proud. She wanted everyone to admire tiny Lillee. “Come swim! Come swim!” quacked Lillee’s older brothers and sisters.



... uMnu. Milenzenoboya, Msilomude, Khalelityile, Limoluphinki  
ongu  
MPUNGUSHE!  
FOX!  
... Mr Furry-legs, Long-tail,  
Sharp-snout, Pink-tongue



Up, up, over the hills  
and onto the other side.

Wenyuka, wenyuka,  
phezu kwezintaba wase eya  
ngakolunye uhlangothi.

Below, in a big pond, she saw her family.

Phansi, exhaphozini elikhulu, wabona  
umndeni wakhe.

float like a cloud,  
antante njengefu,



fly like a butterfly,  
andize njengovmwane,



We publish *what* we like

This is an adapted version of *Nomsa*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans, Setswana, Sesotho, Sepedi, Siswati, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *UNomsa*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

# Nomsa UNomsa



Niki Daly

She can jump like a cat,  
Ugxumisa okwekati,



spin like a top and ...  
ampilingane  
njengempilizane bese ...



... WHOOPS  
into Papa's arms!



Nomsa loves to dance.  
UNomsa uyakuthanda ukudansa.



... WUUU  
bese ephonseka  
ezingalweni zikaBaba!




So, while her brothers and sisters were swimming and diving, Lillee practised walking. One foot after the other, into the dark, green forest she walked.

Ngakho, ngesikhathi abafowabo nodadewabo bebhukuda futhi betshuza, uLillee wayezijwayeza ukuhamba. Unyawo ngenwa kolunye, ehamba engena ehlahini elimnyama, eluhlaza.



Unina kaLillee wayeziqhenya kakhulu. Wayefuna wonke umuntu athande uLillee omncane.

“Wozobhukuda! Wozobhukuda!” kuchwaza abafowabo kanye nodadewabo bakaLillee abadala.



Lillee was flying! Up, up, over the pond. Up, up, over the trees.

ULillee wayesendiza! Wenyuka, wenyuka, phezu kwexhaphozi. Wenyuka, wenyuka, phezu kwezihlahla.


Right out of the reach of Mr Fox.

Lapho angeke atholwe khona uMnu. Mpungushe.



“Come along, Lillee,” coaxed Mother Duck. “You must learn to swim or Furry-legs, Long-tail, Sharp-snout, Pink-tongue Fox will gobble you up.”  
But Lillee did not want to take her feet off the ground.

“Woza, Lillee,” kunxusa uMama uDada.  
“Kumele ufunde ukubhukuda kungenjalo  
uMilenzenoboya, uMsilomude, uKhalelicijile,  
uLimoluphinki onguMpungushe uzokumimilita.”  
Kodwa uLillee akazange afune ukususa izinyawo zakhe phansi.



Quickly, Lillee turned and ran ... *flap, flap, flap, flap!* Faster and faster along the winding path through the dark, green forest and back to the pond she ran.

Alaphohlisanga maseko, uLillee waphenduka wase ebalaka ... *phaga, phaga, phaga, phaga!* Eya ngokugijima ngesivivini ngendlela emazombombe enqamula chhathini elimnyama, elihlaza wase ebuyela exhaphozini ethi zinyawo zami ngibelethe.



**Splash!** Lillee jumped into the pond.  
She could hear the panting breath of Mr Fox. She could feel his prickly whiskers on her tail. *Paddle, paddle* went her feet. *Flap, flap* went her wings. Suddenly ...




**Gxumbu!** ULillee eziphonsa exhaphozini.  
Wayesezwa ukuphefumulela phezulu kukaMnu.  
Mpungushe. Futhi wayezwa amadevu akhe ahlabaya esisileni sakhe. *Xubhu, xubhu*, kugwedla izinyawo zakhe. *Phaku, phaku* kushaya amaphiko akhe. Ngokuphazima kweso ...

## Reading club corner

Special days in November provide us with plenty of opportunities for reading, writing and storytelling. Here are some of them.

<b>November:</b>	International Picture Book Month
<b>13 November</b>	World Kindness Day
<b>15 November</b>	Children's Grief Awareness Day
<b>16 November</b>	International Day of Tolerance
<b>20 November</b>	Universal Children's Day
<b>21 November</b>	World Hello Day

Celebrate International Picture Book Month during November by asking your children to find their favourite picture book (and/or Nal'ibali cut-out-and-keep story) from the collection at your club or in your library. Allow some time for them to think about the reason/s why this book is their favourite. Then invite the children to write a "love letter" to the book or the author of the book saying why this particular book is their all-time favourite! Plan to have a "We love picture books" party later in the month. Invite the children to read their letters to the club members and to show their books. Suggest that they read their favourite books aloud to someone or retell the story using the pictures, if they are not able to read yet.



## Ikhona lethimba lokufunda

Izinsuku ezikhethekile ngoLwezi zisihlinzeka ngamathuba amaningi okufunda, okubhala kanye nokuxoxa izindaba. Nazi ezinye zazo.

<b>ULwezi:</b>	Inyanga Yomhlaba Wonke Yezincwadi Ezinezithombe
<b>Mhla ziye-13 kuLwezi</b>	Usuku Lomhlaba Wonke Lokukhombisa Umusa
<b>Mhla ziye-15 kuLwezi</b>	Usuku Lokwazisa Ngosizi Lwezingane
<b>Mhla ziye-16 kuLwezi</b>	Usuku Lomhlaba Wonke Lokubekezelelana
<b>Mhla zingama-20 kuLwezi</b>	Usuku Lomhlaba Wonke Lwezingane
<b>Mhla zingama-21 kuLwezi</b>	Usuku Lomhlaba Wonke Lokuthi Sawubona

Gubha Inyanga Yomhlaba Wonke Yezincwadi Ezinezithombe ngoLwezi ngokucela izingane zakho ukuthi zithole incwadi enezithombe eziyithandayo (kanye/noma nendaba oyisika uyikhiphe bese uyigcina yakwaNal'ibali) eqoqweni lasethimbeni lakho lokufunda noma emtatsheni wakho wezincwadi. Zinike isikhathi sokuthi zicabange ngesizathu/ngezizathu ezibangela ukuthi le ncwadi ibe eziyithandayo. Bese umema izingane ukuthi zibhale "incwadi yothando" eya encwadini noma umbhali wencwadi zichaza ukuthi kungani lena kuyincwadi eziyithanda kakhulu! Hlelela ukuba nedili lokuthi "Siyazithanda izincwadi ezinezithombe" kamuva enyangueni. Mema izingane ukuthi zifundele amalunga ethimba izincwadi zazo nokuthi zikhombise izincwadi zazo. Yenza isiphakamiso sokuthi zifundele umuntu othile kakhulu izincwadi zazo noma zixoxe kabusha indaba yazo zisebenzisa izithombe, uma zingakakwazi ukufunda.

Picture books give us a hint of what else might be ahead in our reading lives. Each picture book is a small, wonderful world!  
*Brian Lies, picture book author and illustrator*

Izincwadi ezinezithombe zisazisa nangokuthi yini enye esingayithola uma siqhubeka nezimpilo zethu zokufunda. Incwadi enezithombe ngayinye ingumhlaba omncane, oyisimanga!  
*UBrian Lies, umbhali wezincwadi ezinezithombe kanye nomdwebi wemifanekiso*

### IS IT TRUE?

The story *Gus, the gorilla* on pages 14 and 15, is based on two real-life gorillas from South Africa, called Max and Lisa.

Max and Lisa were Western Lowland Gorillas. Western Lowland Gorillas are one of the most endangered gorilla species in the world. This species originally came from the tropical rain forests of Africa and are the largest living primates.

Max was born on 6 March 1971 in the Frankfurt Zoo in Germany and came to the Johannesburg Zoo when he was two years old. When he was twenty years old, a female gorilla, Lisa, was brought from the Moscow Zoo to join him. They became life-long partners.

Max became well-known in 1997 when he tackled a thief. The thief jumped into the gorilla's enclosure at the zoo while he was running away from the police. The thief shot Max twice, but Max managed to stop the thief from escaping. The thief was arrested. The incident was reported in many newspapers and eventually Max was named "Newsmaker of the Year".

Max died from old age at the age of 33. Lisa died two years later after an emergency operation.

In 2008, a bronze statue of Max was placed near the Johannesburg Zoo's gorilla enclosure where Max had lived for most of his life.



### NGABE KUYIQINISO?

Indaba *UGus, imfene enkulu* emakhasini e-14 nele-15, isuselwa ezimfeneni ezimbili zangempela zaseNingizimu Afrika, ezibizwa ngoMax noLisa.

UMax noLisa babengama-Western Lowland Gorillas. Ama-Western Lowland Gorillas angezinye zezimfene ezisengozini enkulu yokushabalala emhlabeni wonke. Loluhlobo lwaluvela emahlathini emvula ase-Afrika futhi ziyilwane zalolu hlobo ezinkulu kunazo zonke eziphilayo.

UMax wazalwa mhla ziye-6 kuNdasa ngowezi-1971 eFrankfurt Zoo eGermany kanti weza eJohannesburg Zoo eneminyaka emibili. Lapho eseneminyaka engamashumi amabili, imfene yensikazi, uLisa wathathwa eMoscow Zoo ukuze azohlale naye. Baba ngabalingani impilo yabo yonke.

UMax waduma kakhulu ngowe-1997 lapho ebhekana ngqo nesela. Isela lagxuma langena endaweni ehlala amagorilla ezu ngenkathi libalekela amaphoyisa. Isela ladubula uMax kabili, kodwa uMax wakwazi ukulibamba ukuba lingaphunyuki. Laboshwa-ke isela. Lesi sehlakalo sabhalwa emaphephandabeni amaningi okwaphetha ngokuthi uMax abizwe ngokuthi "Ngundabamlonyeni woNyaka".


UMax wabulawa ukuba mdala eseneminyaka engama-33. ULisa yena wafa ngemva kweminyaka emibili ngemva kokuhlinzelwa isimo esiphuthumayo.

Ngowezi-2008, kwabekwa isachuse sethusi sikaMax endaweni eseduze nehlala izimfene eJohannesburg Zoo lapho uMax achitha khona isikhathi esiningi sempilo yakhe.



# Gus, the gorilla

By Ann Walton ★ Illustrations by Rob Foote



Gus was a big gorilla. He lived in the zoo with another gorilla called Gabby. Gus and Gabby had a little house to sleep in and a lovely garden to play in.

The zookeeper was good to Gus and Gabby. He gave them plenty of food to eat – cabbage and pumpkin and beans and mealies, and lots of oranges and paw-paws and apples and ... *bananas!* Gus and Gabby loved bananas more than any other food!

"May I have the last banana?" asked Gabby every day after lunch. And because Gus was a kind gorilla, he always gave Gabby the last banana.

One day, not far from the zoo, Mr van Vliet, the shopping bag thief, grabbed a shopping bag full of food from Gogo who was on her way to the taxi rank.

"Help! Help! Give me back my shopping bag!" shouted Gogo. But Mr van Vliet took no notice of her, and ran off down the road.

Gogo ran up to a policeman standing on the street corner. "Help!" she cried. "That man has snatched my shopping bag!"

"Let's catch him!" said the policeman, and they both ran after Mr van Vliet.

Mr van Vliet saw them coming, so he jumped over a big gate, and landed in the grounds of the zoo.

"Look!" puffed Gogo. "The thief has run into the zoo!"

"Let's catch him!" puffed the policeman.

Mr van Vliet was not looking where he was going. He jumped over a wall and fell right onto a thorn bush in Gus and Gabby's garden.

"Ouch!" he said.

The noise woke Gus and Gabby, who were having an afternoon nap.

"I think somebody is bringing us bananas!" said Gus.

"That's very kind!" said Gabby. "Let's go meet him and greet him."

So they went up to Mr van Vliet. Gus was a very gentle gorilla with good manners. When he saw Mr van Vliet, he stood up on his back legs and beat his chest like a drum to greet him.



When Mr van Vliet saw Gus do this, he got a terrible fright. He grabbed the shopping bag and tried to climb back over the wall.

"Give me bananas!" said Gus. But Mr van Vliet was already halfway up the wall, so Gus pulled his leg and bit him on his bottom to get him down again.

Mr van Vliet fell back down onto the thorn bush. Gus picked up the shopping bag, and looked inside it. Gus threw out all Gogo's shopping. And there, at the very bottom of the shopping bag was a big bunch of ripe, yellow bananas.

Gus patted Mr van Vliet gently on his head. "Thank you," he said. Mr van Vliet said nothing.

"Gabby," said Gus, "this kind man has brought us a lovely bunch of bananas!" Gabby came dancing over to Gus. Together they sat down next to Mr van Vliet and ate up all the bananas.



Gogo and the policeman heard the noise. They looked over the wall, and saw Mr van Vliet lying in the thorn bush.

"There is the thief!" said Gogo.

"Give Gogo her shopping bag!" said the policeman.

"Okay," said a shocked Mr van Vliet. He picked up all the shopping and put it back in Gogo's shopping bag. Then he reached over the wall and gave it back to Gogo.

"Hmmmph!" said Gogo. And she went off with her shopping bag to buy more bananas, and to catch a taxi home.

Mr van Vliet looked up at the policeman. "I promise I will never steal a shopping bag again!" he said. "But please, I must get away from here. Take me to the police station."

"Well now, Gus," said the policeman. "You have caught the famous shopping bag thief! I am taking Mr van Vliet to the police station now, but I will be back to see you tomorrow morning!"

The next morning the policeman brought the Chief of Police and a big brass band and a camera man and a news reporter to the zoo. A crowd of people followed them. The zookeeper led them all into Gus and Gabby's garden.

"Welcome to the police force, Gus," said the Chief of Police. "You are now a policeman!" The brass band played a tune, the camera man took pictures of Gus, and the reporter wrote a story about Gus and the famous shopping bag thief. The crowd of people cheered. Then the Chief of Police handed Gus a lovely big bunch of yellow bananas.

"Thank you," said Gus. "It was really quite easy to catch the shopping bag thief." He was so happy, he stood up on his back legs and beat his chest. At this all the people hurried from Gus and Gabby's garden as quickly as they could.

Gus and Gabby settled down to eat the bananas. "Now that I am a policeman, I will have plenty of work to do!" said Gus.

"Yes," said Gabby proudly. "This time you may have the last banana, Gus."

"Thank you, Gabby," said Gus as he tucked into the last banana.



Read about the real-life gorillas on which this story was based on page 13.



# UGus, imfene enkulu

Ngu-Ann Walton ★ Imidwebo nguRob Foote

Ikhona  
lendaba

UGus wayeyimfene enkulu. Wayehlala ezu nenye imfene eyayibizwa ngokuthi uGabby. UGus noGabby babenendlu encane ebabelala kuyo kanye nengadi enhle ababedlala kuyo.

Umphathi wezu wayebaphethe kahle oGus noGabby. Wayebanika ukudla okwanele – iklabishi, nethanga, nobhontshisi, nommbila, namawolintshi amaningi, nopopo, namahhabhula kanye ... *nobhanana!* UGus noGabby babethanda ubhanana ukudlula konke okunye ukudla!

“Ngicela ubhanana wokugcina?” kucela uGabby njalo ngemva kwesidlo sasemini. Kanti-ke ngenxa yokuthi uGus wayeyimfene enomusa, wayehlale enika uGabby ubhanana wokugcina.

Ngelinye ilanga, budebuduze nezu, uMnu. van Vliet, isela elalintshontsha izikhwama zokuthenga, wamephuca sikhwama esigcwele ukudla uGogo owayeya esikhumulweni samatekisi.

“Sizani bo! Sizani bo! Buyisa isikhwama sami sokuthenga!” kumemeza uGogo. Kodwa uMnu. van Vliet wavele wakushaya indiva lokho, wabaleka wehla ngomgwaqo.

UGogo wagijima ekhuphuka eya ephoyiseni elalimi ekhoneni lomgwaqo. “Siza bo!” kumemeza yena. “Leya ndoda ingephuca isikhwama sokuthenga!”

“Asiyibambe!” kusho iphoyisa, bobabili bajaha uMnu. van Vliet.

UMnu. van Vliet wababona besezithendeni zakhe, ngakho-ke weqa isango elikhulu, wayowela ngaphakathi ezu.

“Awubheke!” kusho uGogo ehefuzela. “Isela selibaleke langena ezu!”

“Asilibambe!” lisho lihefuzela iphoyisa.

UMnu van Vliet wayengabhekanga lapho eya khona. Weqa udonga wase ewela esihlahleni esinameva engadini kaGus noGabby.

“Ashu!” kusho yena.

Umsindo wavusa uGus noGabby, ababesathatha isihlwathi santambama.

“Ngicabanga ukuthi kukhona umuntu osilethele ubhanana!” kusho uGus.

“Waze wanomusa bo!” kusho uGabby. “Asiye kuye simbingelele.”

Ngakho-ke baya kuMnu. van Vliet. UGus wayeyimfene enenhliziyo enhle futhi eziphethe kahle. Lapho ebona uMnu. van Vliet, wema ngemilenze yakhe yangemuva wase eshaya isifuba sakhe njengesigubhu embingelela.



Lapho uMnu. van Vliet ebona uGus enza lokhu, wethuka kakhulu. Wathatha isikhwama sokuthenga wazama ukweqa udonga.

“Nginikeze ubhanana!” kusho uGus. Kodwa uMnu. van Vliet wayesethe ukukhuphuka kancane ngodonga, ngakho uGus wamdonsa ngonyawo wase emluma ezinqeni ukuze amehlise futhi.

UMnu. van Vliet wawela phansi esihlahleni esinameva. UGus wacosha isikhwama sokuthenga, wase ecinga ngaphakathi kwaso. UGus walahla konke okwakuthengwe uGogo. Kwathi ngaphansi kwezinto ezithengiwe kwaba khona isixheke sobhanana ovuthiwe, ophuzi.

UGus wambambatha uMnu. van Vliet kancane ekhanda. “Ngiyabonga,” kusho yena. UMnu van Vliet akazange athi vu.

“We Gabby,” kusho uGus, “le ndoda enomusa isilethele isixheke esihle sobhanana!” UGabby weza kuGus engqabashiya. Bahlala phansi ndawonye eduze kukaMnu. van Vliet base bedla wonke ubhanana.



UGogo nephoyisa bezwa umsindo. Base belunguza phezu kodonga, babona uMnu. van Vliet elele esihlahleni sameva.

“Naliya isela!” kusho uGogo.

“Nikeza uGogo isikhwama sakhe sokuthenga wena!” kusho iphoyisa.

“Kulungile,” kusho uMnu. van Vliet ethukile. Wacosha zonke izinto ezazithengiwe wazibuyisela esikhwameni sikaGogo. Wase esiphakamisela phezu kodonga wasibuyisela kuGogo.

“Suka!” kusho uGogo. Wase ehamba nesikhwama sokuthenga ukuze ayothenga omunye ubhanana, athole itekisi eliya ekhaya.

UMnu. van Vliet wabheka phezu ephoyiseni. “Ngiyethembisa ukuthi angeke ngiphinde ngintshontshe isikhwama sokuthenga futhi!” kusho yena. “Ngiyacula bandla, kumele ngiphume la. Ngizise esiteshini samaphoyisa.”

“Uyabona-ke, Gus,” kusho iphoyisa. “Ubambe isela elaziwayo elintshontsha izikhwama zokuthenga! Ngihambisa uMnu. van Vliet esiteshini samaphoyisa manje, kodwa ngizobuya ngizokubona kusasa ekuseni!”

Ngakusasa ekuseni iphoyisa leza ezu noMphathi Omkhulu Wamaphoyisa kanye nebhendi edlala umculo, nomthwebuli wezithombe kanye nentatheli. Babelandelwa yiqulu labantu. Umphathi wezu wabahola ebayisa engadini kaGus noGabby.

“Siyakwemukela emaphoyiseni, Gus,” kusho uMphathi Omkhulu Wamaphoyisa. “Usuyiphoyisa manje!” Ibhendi edlala umculo yadlala umucu, umthwebulizithombe wathwebula izithombe zikaGus, kwathi intatheli yona yabhala indaba ngoGus nesela elidumile elintshontsha izikhwama zokuthenga. Kwachwaza izihlewele. UMphathi Omkhulu Wamaphoyisa wase enika uGus isixheke esihle kakhulu nesikhulu sobhanana ophuzi.

“Ngiyabonga,” kusho uGus. “Bekulula kakhulu ukubamba isela lezikhwama zokuthenga.” Wayejabule kakhulu, wema ngemilenze yakhe yangemuva wase ezishaya isifuba. Lokho kwenza abantu baphume ngokushesha engadini kaGus noGabby.

UGus noGabby bahlala phansi ukuze badle ubhanana. “Njengoba sengiyiphoyisa nje, ngizoba nomsebenzi omningi okumele ngiwenze!” kusho uGus.

“Yebo,” kusho uGabby ngeqholo. “Kulokhu *ungathatha* ubhanana wokugcina, Gus.”

“Ngiyabonga, Gabby,” kusho uGus ngesikhathi ezitika ngobhanana wokugcina.



Funda ngezimfene zangempela okususelwa kuzo le ndaba ekhasini le-13.



Nal'ibali fun

Find the answers to the clues below in the stories in this supplement. Write down one word to answer each clue. Then find the words in the wordsearch block.

Clues

- 1. The type of animal that chased Lillee. \_\_\_\_\_
- 2. The type of animal that Lillee was. \_\_\_\_\_
- 3. The colour that the berries made Lillee's feathers. \_\_\_\_\_
- 4. The place where Lillee's family liked to swim. \_\_\_\_\_
- 5. The animals that Lillee ate. \_\_\_\_\_
- 6. What Nomsa loved to do. \_\_\_\_\_
- 7. The person who Nomsa hugged. \_\_\_\_\_
- 8. The type of animal that Gus was. \_\_\_\_\_
- 9. Where Gus lived. \_\_\_\_\_
- 10. Gus and Gabby's favourite food. \_\_\_\_\_
- 11. Mr van Vliet was a \_\_\_\_\_. \_\_\_\_\_
- 12. The type of bush Mr Van Vliet fell into. \_\_\_\_\_

d	r	c	f	t	k	h	l
a	s	z	n	h	c	e	b
n	g	o	r	i	l	l	a
c	p	o	g	e	d	i	n
e	z	x	o	f	b	f	a
a	p	u	r	p	l	e	n
p	o	t	h	o	r	n	a
a	n	s	l	i	a	n	s
p	d	u	c	k	g	j	m

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Thola izimpendulo zalokhu okunika umkhondo ngezansi ezindabeni ezikulesi sithasiselo. Bhala igama elilodwa ukuze uphendule okunika umkhondo ngakunye. Bese ufuna amagama ebhulokhini yokucinga amagama.

Okokunika umkhondo

- 1. Uhlobo lwesilwane esijahe uLillee. \_\_\_\_\_
- 2. Uhlobo lwesilwane uLillee ayeyiso. \_\_\_\_\_
- 3. Umbala wobukhwebezane obenze izimpaphe zikaLillee zaba yiwo. \_\_\_\_\_
- 4. Indawo okwakuthanda ukubhukuda kuyo umndeni kaLillee. \_\_\_\_\_
- 5. Izilwane ezadliwa uLillee. \_\_\_\_\_
- 6. Lokho ayethanda ukukwenza uNomsa. \_\_\_\_\_
- 7. Umuntu owawola noma owanga uNomsa. \_\_\_\_\_
- 8. Uhlobo lwesilwane ayeyiso uGus. \_\_\_\_\_
- 9. Lapho kwakuhlala khona uGus. \_\_\_\_\_
- 10. Ukudla okwakuthandwa uGus noGabby. \_\_\_\_\_
- 11. UMnu. van Vliet wayeyi- \_\_\_\_\_. \_\_\_\_\_
- 12. Uhlobo lwesihlahla okwawela kuso uMnu Van Vliet. \_\_\_\_\_

i	i	m	i	n	e	n	k	e	h
d	m	z	n	h	c	e	b	c	k
a	o	p	a	s	n	a	d	k	u
d	s	o	u	e	d	i	i	m	b
a	n	x	o	n	b	f	v	e	a
i	s	e	l	a	g	e	a	z	b
e	n	e	f	m	i	u	a	u	a
a	n	s	l	i	a	n	s	z	a
o	b	h	a	n	a	n	a	h	i
i	x	h	a	p	h	o	z	i	e

Can you find six differences between these two pictures?



Ngabe ungakwazi ukuthola izinto eziyisithupha ezihlukile phakathi kwalezi zithombe ezimbili?



Answers: 1. fox 2. duck 3. purple 4. pond 5. snails 6. dance 7. Papa 8. gorilla 9. zoo 10. bananas 11. thief 12. thorn  
Izimpendulo: 1. impungusha 2. idada 3. nsomi 4. ikhaphozi 5. iminenge 6. ukudansa 7. ubaba 8. imfene 9. ezu 10. obhanana 11. isela 12. esameva



Visit our website for more reading enjoyment: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)  
Vakashela isizindalwazi sethu ukuze uthole okunye kokufundela ukuzithokozisa ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Supplement produced by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.